UKUKHOKHA NGOKUGCWELE

Ubuwazi ukuthi usecaleni ngenxa yezono zakho?

"Ngokuba bonke bonile, basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu." (KwabaseRoma 3:23)

"Kepha siyazi ukuthi lokhu okushoyo umthetho ukukhuluma kubo abasemthethweni ukuba yonke imilomo ivinjwe, izwe lonke libe-necala kuNkulunkulu. (Roma 3:19)

Ngabe uyabona ukuthi icala lezono zakho lizokukhokhisa ingunaphakade?

"Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa…" (Roma 6:23)

"Ukufa neHayidese kwaphonswa echibini lomlilo. Lokhu kungukufa kwesibili, ichibi lomlilo." (Isambulo 20:14)

"Nomusi wokuhlushwa kwabo uyenyuka kuze kube-phakade naphakade…" (Isambulo 14:11)

Wake wezwa ngecala lezono zakho ukuthi "zakhokhelwa ngokugcwele?"

"Uzakuzala indodana, uyiqambe igama lokuthi uJesu, ngokuba nguye oyakusindisa abantu bakhe ezonweni zabo." (NgokukaMathewu 1:21)

"Ngokuba naye uKristu wahlupheka kwaba-kanye ngezono, olungileyo ngenxa yabangalungile, ukuba asiyise kuNkulunkulu…" (1 KaPetru 3:18)

Ungalikholelwa iBhayibheli, umlando uNkulunkulu akwenzela wona?

"Ngokuba umbhalo uthi: Lowo okholwa akayikujabhiswa." (KwabaseRoma 10:11)

"Likholekile lelizwi, lifanele impela ukwamukelwa ukuthi uKristu Jesu weza ezweni ukusindisa izoni…" (1 KuThimothewu 1:15)

“Yilobu ubufakazi ukuthi uNkulunkulu usiphile ukuphila okuphakade, nalokhukuphila kuseNdodaneni yakhe.
(1 KaJohane 5:11)

Ungawuthemba umphefumulo wakho waphakade ngokuphelele kuJesu Kristu?

“Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe-nokuphila okuphakade.” (NgokukaJohane 3:16)

“Yilowo nalowo okholwayo uyakulungisiswa ngaye.”
(Izenzo 13:39)

“…Kholwa yiNkosi uJesu, yikhona uzakusindiswa wena…”
(Izenzo 16:31)

Ngicela ubone ukuthi kumele uthembele kuJesu futhi yena yedwa, ngensindiso.

“Kepha kongasebenziyo, kodwa ekholwa nguye olungisisa ongamesabi uNkulunkulu, ukukholwa kwakhe kubalelwa yena ukuthi kungukulunga.” (KwabaseRoma 4:5)

“Waphendula uJesu, wathi kubo: Umsebenzi kaNkulunkulu yilowo ukuba nikholwe nguye amthumileyo.”
(NgokukaJohane 6:29)

“Ngakho-ke sithi umuntu ulungisiswa ngokukholwa ngaphandle kwemisebenzi yomthetho.” (Roma 3:28)

Ungamangalela “UKUKHOKHA NGOKUGCWELE” Irisidi lecala lezono zakho?

☐ **Ngikhetha ukuthembela kuJesu Kristu nenkokhelo ephelele yecala lezono zami.**

"Ngaye bonke abaprofethi bafakaza ukuthi ngegama lakhe bonke abakholwa nguye bayakwamukela ukuthethelelwa kwezono." (Izenzo 10:43) "Ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uyakusindiswa; ngokuba umuntu ukholwa ngenhliziyo kube-ngukulunga, ngomlomo uyavuma kube-ngukusindiswa." (KwabaseRoma 10:9-10)

☐ **Ngikhetha ukunqaba inkokhelo kaJesu Kristu nokuthembela enkokhelweni yami.**

"Thina siyakuphunyuka kanjani, uma sidebesela ukusindiswa okungaka na?..." (KumaHeberu 2:3) "Elangabini lomilo, ephindisela kwabangamazi uNkulunkulu nakwabangalaleli ivangeli leNkosi yethu uJesu, abazakunikwa isijeziso esingukubhujiswa okuphakade, basuke phambi kobuso beNkosi naphambi kwenkazimulo yamandla akhe." (2 KwabaseThesalonika 1:8-9)

FELLOWSHIP TRACT LEAGUE
P.O. BOX 164 • LEBANON, OH 45036
www.fellowshiptractleague.org © Tract 8718 (Zulu)
All tracts free as the Lord provides. Not to be sold.